Isifundo 13 *uMandulo 18-24

Ukuphumula Koqobo

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku: *Samb. 1:9-19; Math. 24:4-8, 23-31; Samb. 14:6-12; Heb. 11:13-16; Filipi 4:4-6.*

Indimana Yekhanda: **"Kepha kunjengokuba kulotshiwe ukuthi: 'Lokho iso elingakubonanga, nendlebe engakuzwanga, okungavelanga enhliziyweni yamuntu, uNkulunkulu akulungisela abamthandayo' "** *(1 Korinte 2:9)***.**

Wake wazizwa sengathi uphakathi kwempi enkulu, ukungqubuzana phakathi kokulunga nobubi? Abantu abaningi, nabangakholwa imbhala, bayakuzwa lokhu. Siyakuzwa lokho ngoba into yangempela. Sisempini enkulu ephakathi kokulunga nobubi, phakathi kukaKrestu (ukulunga) noSathane (ububi).

Ukuphila-ke, kuqhubeka emazingeni amabili. Impikiswano enkulu phakathi kukaKrestu noSathane iqhubeka emhlabeni wonke—empeleni, nasemkhathini, ngoba ezulwini kulapho yaqala khona *(Isamb. 12:7)*. Kodwa, kulokhu kuphithizela kwezinto okukhona, kulula ukuthi silahlekelwe yisithombe esikhulu secebo likaNkulunkulu ngalomhlaba lokuphepha. Izimpi, iminyakazo kwezepolitiki, nezinhlekelele zingasishayisa ngovalo. Kodwa isiqondiso sikaNkulunkulu esisithola ngesiprofetho singasisiza sihlale sinesithombe esikhulu emqondweni sokuthi siyaphi nokuthi siyofinyelela kanjani lapho.

Impikiswano enkulu futhi iqhubeka nasemntwini ngamunye. Sonke ngabanye, sibhekene nezinselele kwezenkolo nsuku zonke ekuphileni, kanti futhi uma singeke siphile kuze kufike uJesu, sizobhekana nokufa.

Kuleliviki sizobuka ukuthi singaphumula kanjani kuJesu phakathi kwesiphithiphithi somhlaba nekusasa lethu elingaziwa, okwamanje. Uma sibheka kude, sizobona ukuthi izinto ziyethembisa.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaMandulo 25.*

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 100 2021/06/21 14:51

Umbono Wesikhathi Sokugcina

Okunguyena mfundi kaJesu omdala owayesaphila wayehlezi esiqhingini esinamadwala lapho wayeyisiboshwa khona, kude nakho konke okusondelene nenhliziyo yakhe. Kwakuqhubekani engqondweni kaJohane uma ezithola eyedwa kulesiqhingi? Wafika kanjani, lapho? UJohane wayembonile uJesu enyuka, futhi wayezibonile izingelosi ezimbili ezazimi lapho, zithi: "Madoda aseGalile, nimeleni nibheke ezulwini? LoJesu enimbone ekhushulelwa ezulwini, uyobuya ngayo lendlela enimbone enyuka ngayo" *(Izenzo 1:11, NKJV)*.

Kodwa-ke, kwase kudlule iminyaka ngeminyaka, kanti uJesu wayengakabuyi. Abanye abafundi ababekhona ngalelo langa basebefile, iningi labo babulawela ukufakaza kwabo ngoJesu. Ibandla elalisafufusa, ladlula ezinguqukweni ngokufika kwesizukulwane esisha, futhi manje lase lihlushwa kabuhlungu ngabantu abangakholwa nabazalwane ababefundisa izimfundiso ezidukisayo ngaphakathi kwalo uqobo. UJohane wayenesizungu, ekhathele, engenakho ukuphumula. Kwase kuthi ngesikhashana-nje, waboniswa umbono.

Ucabanga ukuthi uJohane wathola ukukhuthazeka okungakanani ngalombono: funda iSambulo 1:9-19.

_____

_____

UJesu wayebatshelile abalandeli baKhe ukuthi: "Bheka nginani kuze kube sekupheleni kwezwe" *(Math. 28:20)*, amazwi akhuthaza uJohane, ngaphandle kokungabaza, ngesikhathi eyedwa ekudingisweni. Ngokuqinisekile, lombono, lesi "sambulo" sikaJesu, saba yinkuthazo enkulu kuyena, njengoba wayazi ukuthi uJesu, "uAlfa no Omega, owokuQala nowokuGcina," manje wayesezibonakalisa ngendlela ekhethekile kulomphostoli odingisiwe.

Okulandelayo kulezindimana yimibono ngekusasa lalomhlaba. Isithombe esihle somlando sasizovela phambi kwakhe (njenge video), lokho thina esithi umlando webandla, kodwa kuyena kwakuyikusasa. Kodwa, phakathi kwezilingo nokuhlushwa okwakuzofika, uJohane waboniswa ukuthi konke kuyogcina kanjani. "Ngase ngibona izulu elisha nomhlaba omusha; ngokuba izulu lokuqala nomhlaba wokuqala kudlulile, nolwandle alusekho. Ngabona umuzi ongcwele, iJerusalema elisha, wehla uvela ezulwini kuNkulunkulu ulungisiwe njengomlobokazi ohlotshiselwe umyeni wakhe" (*iSamb. 21:1, 2)*.

Lesiprofetho esikhulu ngesiphelo somhlaba esaqoshwa nguJohane kwiSambulo samsiza uJohane ukuthi aphumule ngokwethemba phezu kwezithembiso zikaNkulunkulu.

Impilo ingaba lukhuni, ngesinye isikhathi yesabeke nokwesabeka. Kodwa ukwazi ukuthi uNkulunkulu uyalazi ikusasa, nokuthi ikusasa lihle, kusinika kanjani ukukhuthazeka manje?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 101 2021/06/21 14:51

Sekuya Ngakhona

ENtabeni Yeminqumo, uJesu wadweba isithombe somlando ngesikhathi ephendula imibuzo yabafundi, bethi: "Sitshele, kuyokwenzeka nini lokhu? Futhi kuyoba yini isibonakaliso sokuza kwaKho nesokuphela komhlaba?" *(Math. 24:3, NKJV)*.

Intshumayelo kaJesu eyaziwa kakhulu, ebhalwe kuMathewu 24, iqukethe okuyokwenzeka kusukela ezinsukwini zaKhe kuze kube sekubuyeni kwaKhe.

UJesu wayefuna ukunika abantu baKhe kuyo yonke iminyaka uhlelo lwezulu ngeziprofetho, ukuze labo abaphila ekupheleni kwesikhathi basilungele isigameko sokugcina. Wayefuna ukuthi siphumule ngokwethemba othandweni lwaKhe, yize konke okusizungezile kubhidlika.

Ama-Adventist akwazi kahle ukuchaza kukaDaniyeli "isikhathi sokuhlupheka esingakaze sibe khona selokhu kwaba khona abantu" *(Dan. 12:1)*. UJesu ufuna sizilungisele lesigameko esandulela ukubuya kwaKhe.

Kuyoba njani ukubuya kwaKhe? Singakugwema kanjani ukukhohliseka? Funda uMathewu 24:4-8, 23-31.

_____

_____

Ukubuya kukaJesu kuyoba into ebonwa ngamehlo ekupheleni kwesikhathi. Uma sicabanga indawo enikezwe esiprofethweni ngokubuya kwaKhe, nasezintshumayelweni zaKhe, kusobala ukuthi lubalulekile loludaba.

Ngesikhathi sesigameko sokugcina esenzeka emhlabeni wonke, babengu 8 kuphela abantu ababesilungele. UJesu uqhathanisa ukuzuma kokubuya kwaKhe naleso sigameko sikazamcolo *(Math. 24:27-39)*. Kodwa yize kungekho muntu owazi usuku nehora lokubuya kukaJesu *(Math. 24:36)*, uNkulunkulu usinikile okutshengisa ukuthi sekuya ngakhona, ukuze siqaphele okwenzekayo emhlabeni osizungezile.

Sinikwe indima okufuneka siyidlale kulesiprofetho. Iyini indima yethu? Gxila kuMathewu 24:9-14

_____

Kulempi yasemkhathini, asizona-nje izibukeli. Sidinga ukusebenza sisabalalise ivangeli emikhawulweni yomhlaba, okusho ukuthi nathi, sizohlushwa.

Kusho ukuthini ukuthi "ukukhuthazela kuze kube sekupheleni"? sikwenza kanjani lokho? Yiziphi izinqumo esidinga ukuzenza zonke izinsuku ukuze singahlubuki njengabanye abaningi, futhi nabanye abasazo hlubuka?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 102 2021/06/21 14:51

Imiyalo

Isithombe esikhulu sesiprofetho asisho ukuthi asihlale sithi dekle, singenzi lutho uma kugcwaliseka izigigaba, izigigaba esingenamandla phezu kwazo. Kuvamile ukuzwa umuntu ethi: "Vele, zizokwenzeka njengoba ziprofethiwe izigigaba zesikhathi sokugcina, pho yini esingayenza ngaphandle kokuthi sivele sizamukele? Yini engingayenza ngingedwa?"

Kodwa akuyona indlela leyo amaKrestu afanele ukubuka ngayo umhlaba owazungezile, kakhulukazi ngokuqondene nezigameko zokugcina. ISambulo 14 sisitshela ukuthi injongo yethu ngalesikhathi somlando ukutshela abanye ngokwahlulela kukaNkulunkulu, sibasize ukulungisela ukubuya kukaJesu.

Funda: iSambulo 14:6-12. Kufundiswani la, futhi yini esifanele ukuyimemezela emhlabeni? Kungani siphuthuma kangaka lesigijimi?

_____

Njengama-Adventist, sikholwa ukuthi "iqiniso lamanje" *(2 Petru 1:12)* litholakala kulezindimana esizibiza ngokuthi "Yizigijimi Zezingelosi Ezintathu." Lapho sithola umnyombo wobizo lwethu kulesikhathi somlando womhlaba.

Qaphela, kuqalwa "ngevangeli laphakade," izindaba ezimangalisayo zokufa kukaKrestu novuko, lapho kuphela kunethemba lokusindiswa kwethu. Futhi kukhona nesigijimi esithi "ihora lokwahlulela kwaKhe selifikile" *(Samb. 14:7)*, umkhombandlela onamandla okhomba ekupheleni kwesikhathi. Bese kuba khona ubizo lokuthi akudunyiswe "Lowo owenza izulu nomhlaba," okuphikisana nesexwayiso esesabekayo ngalabo abahlezi eBhabhiloni, bekhonza "isilo nomfanekiso waso." Ekugcineni, kuchazwa abantu bakaNkulunkulu bezinsuku zokugcina: "Nakhu ukubekezela kwabangcwle; abagcina imiyalo kaNkulunkulu, nokukholwa kukaJesu" *(NKJV)*.

Funda iSambulo 14:11. Kuthiwani ngokwesweleka kokuphumula kulabo abakhonza isilo nomfanekiso waso?

_____

_____

Akukho ukuphumula imini nobusuku kulabo abakhonza isilo nomfanekiso waso? Nakuba kunemibono eyehlukene mayelana lokushiwoyo lapha, singavuma sonke ukuthi labantu abakutholi lokho kuphumula uNkulunkulu akupha labo abathembekile kuYena.

Ucabanga ukuthi kungani lesigaba sokuqala sezigijimi zezingelosi ezintathu siyi "vangeli laphakade"? kungani kufanele leliqiniso elimangalisayo sihlale siligcine phambi kwethu uma simemezela lezigijimi emhlabeni? Kungani ukuqonda ivangeli kubaluleke kangaka kuloludaba lokuphumula?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 103 2021/06/21 14:51

Phumula Ngokuthula

Sekungamakhulu eminyaka manje amaKrestu elindele ukubuya kukaKrestu. Yisiqongo samathemba ethu—futhi hhayi awethu kuphela, kodwa nawabo bonke abathembekile bakaNkulunkulu kuwo wonke umlando.

Funda: amaHeberu 11:13-16. Kunasiphi isithembiso esikhulu lapho, kungesonanje esabantu bakudala, kodwa okungesethu nathi?

_____

_____

Lezindimana azenzi umqondo uma inkulumo ejwayelekile nethandwayo maqondana nokufa iyiqiniso. Zikhuluma ngani lezi ndimana uma zithi: "labantu abazamukelanga izethembiso"? Bafile, kuthiwa basezulwini noJesu bezithokozisa ngomvuzo wabo omkhulu. Isibonelo-nje: kwathi ngokushona kukaBilly Graham, satshelwa kaningi-ningi ukuthi manje usesezulwini noJesu.

Kukhona indida futhi ngalenkulumo, ngoba kaningi uma kushona umuntu sizwa kuthiwa: "Sengathi angaphumula ngokuthula." Kodwa kwenzekani la? Ngabe labantu baphumule ngokuthula, noma basezulwini lapho benza noma yini (njengokubukela okwenzeka phansi la)?

UJesu ukuchaza kanjani ukufa? Funda uJohane 11:11.

_____

_____

Eqinisweni, ukuthi "baphumule ngokuthula" yiqiniso ngalokho okwenzeka ekufeni, akunjalo? Nangempela abafileyo baphumule. "Kumuntu okholwayo, ukufa into encane-nje. UKrestu ukhuluma ngakho sengathi okwesikhashana. "Uma umuntu egcina amazwi aMi, ngeke afe," "ngeke akuzwe ukufa." Kumuntu ongumKrestu, ukufa ukulala ubuthongo, umzuzwana wokuthula nobumnyama. Ukuphila kufihlwe kanye noKrestu kuNkulunkulu, kanti 'mhla uKrestu, ongukuphila kwethu, ebonakala, nani niyobonakala kanye naYe enkazimulweni.' Johane 8:51, 52; Kolose 3:4."—Ellen G. White, *The Desire of Age*s, p. 787.

UJesu ufanisa isimo somuntu phakathi kokufa novuko njengobuthongo lapho engezwa lutho *(Johane 11:11, 14)*, kodwa ubuye agcizelele ukuthi bobabili, abasindisiwe nabalahliwe, bayokwamukela imivuzo yabo ngemuva kovuko *(Johane 5:28, 29)*. Wagcizelela isidingo sokulungela ukufa, noma ngabe kufika nini.

Uthola kuphi ukukhuthazeka ngokwazi ukuthi abathandiweyo bakho nangempela baphumule manje?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 104 2021/06/21 14:51

Thokozani ENkosini Njalo

Enye i-*app* esetshenziswa kakhulu kuma *smart phone* yiGoogle Maps. Abaningi bethu asazi ukuthi sasenze njani ngaphambi kokuba khona kwamabalazwe eGoogle Maps emafonini ethu. Kungenzeka sethuke uma siya endaweni esingakaze siye kuyo ngaphambili, kodwa ngenxa ye Google Maps efonini, singahamba ngesibindi siyithole indlela noma kuliphi idolobha esingalazi. Kungenzeka yini ukuthi lokhu kuzethemba yisibonelo sohlobo lokuphumula uNkulunkulu afuna ukusinika kona ngohlelo lwaKhe lweziprofetho?

Ngesinye isikhathi kodwa siqhafaza ikheli okungelona, noma sivele sikhethe ukungalandeli iziyalo ngoba sicabanga ukuthi sazi indlela enqamulelayo. Uma kunjalo, singazithola sisendaweni ebesingafuni ukuba kuyona—kanti izingqondo zethu ziyobe zingenakho nakancane ukuphumula.

Funda: kwabaseFilipi 4:4-6. Uthini kithina lapha uPawulu ngendlela yokuba nokuthula kweqiniso, kulomhlaba wezinkathazo nobuhlungu?

_____

_____

Kulezindimana, uPawulu akasho ukuthi thokozani ngaso sonke isikhathi, ekuvivinyweni enibhekana nakho. Kunalokho uthi: "Thokozani eNkosini njalo." Noma sinjani isimo sethu samanje, noma sibhekene nakuphi ukulingwa, uma sihlezi kuNkulunkulu, ebuhleni baKhe, othandweni lwaKhe, nasemhlatshelweni waKhe esiphambanweni ngenxa yethu, singathokoza kuYe, sibe nokuthula kwemiphefumulo yethu ekhandlekile.

Indlela-nje lezindimana ezikhuluma ngayo ikutshela ngokuphumula, ukuthula, kanye nethemba elikhulu lokuthile okungaphesheya kwalomhlaba.

Cabanga-nje lokho kuphumula okunjalo kwemiphefumulo yethu esingaba nakho uma ngempela singenaxhala lalutho. Akukholakali kithina esiphila kulomhlaba (noPawulu wayenokuningi okumkhathazayo), kodwa futhi, njengoba sazi ukuthi uNkulunkulu onothando ubambe amatomu, unakho ukusisindisa singene embusweni waKhe, asisize ukubuka ngendlela efanele lokho okusihluphayo.

"INkosi isisemyango"? Isolokhu iseduze nathi, futhi uma sesivala amehlo siphumula ngokulala kokufa, okulandelayo esiyokwazi, ukubuya kukaKrestu.

Akubuzwa, emhlabeni ziningi izinkathazo, izilingo, nokuhlupheka. Akekho ongakugwema lokhu; uPawulu akumcezanga *(bheka u 2 Korinte 11)*. Noma kunjalo, usitshela ukuthi phezu kwakho konke esidlula kukho manje, singathokoza kulokho esikuphiwe kuKrestu, futhi singatholela imiphefumulo yethu ukuphumula kusemanje.

Funda kwabaseFilipi 4:4-6 futhi. Ungawasebenzisa kanjani empilweni yakho lamazwi amangalisayo khona manje noma ngabe ubhekene naziphi izilingo nezinhlupho?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 105 2021/06/21 14:51

Ukujula Nomcabango: "Sonke sifuna izimpendulo ezisheshayo neziqonde-ngqo emithandazweni yethu, silingeke ngokuphelelwa amandla uma impendulo yephuza noma ifika ngendlela engalilndekile. Kodwa uNkulunkulu uhlakaniphe kakhulu futhi ulungile ukuthi angaphendula imithandazo yethu njalo-nje ngesikhathi nangendlela efunwa yithina. Uzosenzela okukhulu nokungcono kunokufeza zonke izifiso zethu. Ngenxa yokuthi singakwethemba ukuhlakanipha kwaKhe nothando lwaKhe, asingamnxusi ukuthi enze intando yethu, kodwa asifune ukwenza intando yaKhe, sifeze inhloso yaKhe. Izifiso zethu azembozwe yintando yaKhe."—Ellen G. White, *Gospel Workers*, p. 219.

Kuzokuba yisikhashana-nje, uJesu abuye ukuzosindisa abantwana baKhe, abanike ukungafi…Amangcwaba ayovuleka, abafileyo baphume ngokunqoba bememeza bethi: "Kufa, luphi udonsi lwakho? Ngcwaba, kuphi ukunqoba kwakho?" Abathandiweyo bethu abalele kuJesu bayophuma bembethe ukungafi."—Ellen G. White, *Counsels on Stewardship*, p. 350.

Imibuzo Yokuxoxisana:

❶ Cabanga ngempikiswano enkulu. Uyibona iqhubeka kanjani emhlabeni? Empilweni yakho-ke? Yinto yangempela. Futhi iyiqiniso ngaphezu kokuba abaningi becabanga, ngoba abantu abaningi abakholwa ukuthi ukhona ngempela uSathane. Yini kubaluleke kangaka ukwazi ngempikiswano enkulu ukuze siqonde isimo salomhlaba wethu? Futhi, kungani ukwazi ukuthi lempikiswano iyogcina kanjani kukhuthaza kangaka?

❷ Isiprofetho singakudidisa uma uzama ukweqisa kulokho okwembulwe ngokusobala. Kukangaki amalunga ebandla ezithola esenkingeni, ngokuqagula izigameko ezingafezekanga? Singazivikela kanjani ukuthi singangeni kunoxhaka onjalo?

❸ Eklasini, fundani iSambulo 14:9-11 nokuthi labo abakhonza isilo nomfanekiso waso abanakho ukuphumula. Kusho ukuthini lokho?

❹ Ingxoxo eshisayo ebandleni iphathelene nokuthi sinalo yini iqhaza lokusho isikhathi sokubuya kukaKrestu. Noma ngabe uthatha luphi uhlangothi kulokho, kubaluleke ngani ukuthi sidlale indima ekumemezeleni isigijimi sokubuya kwaKhe emhlabeni?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 106 2021/06/21 14:51